# UMBANGO

Izindlela zaYo azitholakali nhlobo, azinjalo na? INkosi emangalisayo! Kumnandi kanjani ukuYethemba. Ngiqinisekile nje ukuthi nibe nesikhathi esimangalisayo kulobubusuku. Futhi nje ngivula umnyango lapho emizuzwaneni embalwa edlule nokuzwa uDadewethu Gertie ecula leloculo elidala, *Hlala Ubambelele, Elinye Nje Futhi IHora*. Libuyise izinkumbulo zebandla lami elincane, ngenkathi kwakungaphambi nje kokuba ngisuke ngesinye isikhathi ukuba ngiyongena ezinkundleni zomsebenzi wobuthunywa benkolo. Ngibuka manje kokuthi "Funani uNkulunkulu Kuqala" lapha ngaphambili ukuvundla lomshayo omdala, ngiyamkhumbula uSammy Davidson ependa lokho phezulu lapho cishe iminyaka engamashumi amabili-nanhlanu edlule, ngakoluny'uhlangothi ngicabanga ukuthi kunokuthi, "UyoliChithelaphi iPhakade na? Cabanga!" Futhi khona *lapha* kwakungo—ngowesifazane emthonjeni, noDanyeli emphandwini wezingonyama. O, he! Izinto eziningi yenzekile kusukela ngaleyonkathi.

2 Cishe nje ngelesihlanu nqo kulentambama ngithole ucingo oluphuthumayo oluvela cishe emashumini amathathu, amamayela angamashumi amane ezansi ezweni lapha, lowesifazane ofayo, nomngane oligugu kakhulu, umama kaGeorgie Carter. Futhi ngazile bekunenqwaba yabefundisi lapha ukuba babambe ngize ngibuye. UEdith ube kabi kakhulu, naye. Futhi ngenkathi siselapho, iNkosi uNkulunkulu ingene enkundleni, noDadewethu Carter ukude kabi nokufa. Ngakho, ngakho sinokubonga ngalokho.

3 Namanje sekuba yisikhathi senkonzo yesidlo masinyane nje, ngicabanga ukuthi cishe ngeleshumi nambili nqo lapho bezosenza khona. Sikhathi sini enisinqumele ukusinikeza ngaso na? [UMfowethu Neville uthi, "Noma ngasikhathi sini, siqala manje noma ngasikhathi sini kuze nje kube amashumi amathathu lishayile eleshumi nanye."—Umhl.] Nje noma ngasikhathi sini esi . . . Bangaki ozothatha isidlo kulobubusuku, asibone izandla zenu. Lokho yi, o, lokho kuyamangalisa. Kulungile, ngifuna ukukhuluma nje izwi noma amabili. Mhlawumbe ngizobeka iwashi lami ngilikhiphele lapha cishe okwemizuzu eyishumi, eyishumi nanhlanu, sizoqala isidlo. Manje, niyaMthanda na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Amen. Futhi ngiyazi nibe nesikhathi esikhulu, anibanga naso na?

4 Awu, uma lapha kungesuye uMfowethu Thomas Kidd, noDadewethu Kidd, abavela ezansi le eOhio. Ngiqagele bebesenhla. O, lokho kuhle, ngithemba ukuthi kuseteyipini futhi ngizokuthola. Niyazi, abadikibali. Banezinsuku ezimbalwa nje ngaphansi kwekhulu, kodwa—kodwa yilokho okungigcina

nginesibindi, ngukubona abantu abanjalo. Cabangani, sengiyindoda endala, futhi ngingakazalwa babeshumayela iVangeli. Futhi manje-ke nakhu sengiyindoda endala, futhi bona, uma bengenakuphuma futhi bezwakalise iphimbo labo, bavele nje bathathe isiqophamazwi futhi bahambele isibhedlela nesibhedlela, indlu nendlu, beshumayela iVangeli. Lokho kuhle kakhulu. Amen. Ngijabula ngeqiniso ngabo nangabo bonke labo obemagange kule izinkonzo lapha.

5 Manje, khumbulani, sizokumemezela manje, iNkosi ithanda, masinya nje uma ibandla seliqedile, abazisho ukuthi kuzoba cishe zilishumi kuFebuwari, ngani, si, iNkosi ithanda, sifuna ukuthatha okungenani izinsuku eziyisishayagalombili noma eziyishumi, noma mhlawumbe amaviki amabili, kulezo *Zimpawu eziyisiKhombisa* zeZambulo. Futhi sizozwakalisa ngamakhadi ethu kubantu bethu abavakashile abavela khona ngapha, abavela ekhaya lapha, futhi sibazise isikhathi sisesiningi ngaphambili ngakho uma bethatha umcabango wokuza, awu, singajabula ngempela ukuba sibe nani lapha. Futhi mhlawumbe iNkosi izosinika okunye ukuvezwa obala koBukhona baYo njengoba Yenza ngesikhathi esedlule ngenkathi sesiqedile ngothi *imiNyaka yeBandla eyisiKhombisa*.

6 Nike nifune ukukhulekela omunye, ngani, ningikhumbule ngaso sonke isikhathi, ngoba ngiyilowo owudinga ngempela. Manje, ngithi ukuba namahloni ngami, ukuthatha lena eyishumi, imizuzu eyishumi nanhlanu lapha, ukusho into ethize encane singakaqali, kodwa asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje.

7 Nkosi Jesu, o, impi iyophela ngeliny'ilanga, futhi ngeke besabakhona abagulayo ukuba bakhulekelwe, futhi ngeke zisabakhona izoni ukuba ziphenduke. Kodwa, Baba, ngenkathi lolusuku luseyilokhu oluyikho, asisebenze sisenokukhanya esingasebenzela kukho, ngokuba ihora liyeza lapho kungekho-muntu ongasebenza. Manje, okwemizuzwana embalwa nje, Nkosi, bengingaphatheka kabi uma ngingakwenzanga, ngivale ngci lonyaka ngingasashongo amanye amazwi ambalwa. Ngisize, Baba, ngiyakhuleka, ukuba ngisho into ethize ebingatshala isibindi enhliziyweni yabantu baKho, ukuthi besingasuka lapha kulobubusuku emva kokuthatha isidlo, futhi siyaqonda ukuthi esidlweni kunokuqina. UIsrayeli wathatha isidlo kuqala ezansi eGibhithe, futhi wahamba iminyaka engamashumi amane ngaphandle kokuba izicathulo zabo ziguge noma izingubo zabo zithole ukuguga. Futhi, kubantu abayizigidi ezimbili, wayengekho obuthakathaka phakathi kwabo ngenkathi bephuma ehlane. Nkosi, asikukhumbule lokho kulobubusuku njengoba sisondela kulelihora elikhulu. EGameni likaJesu siyakhuleka. Amen.

8 Ukuba bengingakhuluma ingqikithi yendaba ebengiyibhale phansi ebengizoqala kuyo kulentambama, besizoba lapha

ngelesihlanu nqo ekuseni. [Omunye othile uthi, "Lokho kuzoba kuhle."—Umhl.] Kodwa ngifuna nje ukufunda iZwi kwa... ["Lokho kuzoba kuhle."] Ngiyabonga. Kwabase Efesu, isahluko 6, ivesi 12, futhi okwemizuzwana embalwa nje manje, ukuqunga isibindi.

> *Ngokuba asibambene nenyama negazi, kodwa sibambene nemibuso, namandla, nababusi bobumnyama balelizwe, nabawomoya bobubi emkhathini.*

9 "Bawomoya bobubi emkhathini." Futhi ngithanda ukudonsa kulokho ingqikithi yendaba encane yemizuzu eyishumi noma eyishumi nanhlanu, noma indikimba, njalo, ngifuna ukuyibiza ngokuthi: *UMbango*. Umbango ngukuhlola ukuqina. Futhi thina, lapho esino... kuhlola ukuqina. Sasivamise ukuba ne... INdiya lalivame ukubeka umlilo, futhi ayebeka indoda angaka *ngapha* ekugcineni kwentambo, nangaka *ngapha* ekugcineni, futhi u—umncintiswano ngendophi yokudonsisana, ukubangwa kokuqina, ayedonsa iqembu elehlulwayo leqele emlilweni. Futhi manje siyazi kunezinto ezinigi, futhi besingesekela lokhu phezu kwakho imizuzu embalwa, ko—kombango, kodwa ngifuna ukukhuluma ngokwalemizuzu ngokushesha phezu kombango omkhulu kunawo wonke okhona, lowo ngukuthi, phakathi kweBandla noSathane. Lokho kuqina okukhulu kukaSathane. Futhi sifuna ukukhuluma ngokuqina okukhulu kukaNkulunkulu eBandleni laKhe.

10 Manje, lombango omkhulu ubuqhubeka iminyaka eminingi. Waqala eZulwini, noSathane wakhahlelwa wakhishelwa emhlabeni, wabe-ke eseba yisitha kubantu bakaNkulunkulu. Futhi, kusukela lapho, usebenzise konke okokuqina kwakhe nesu lakhe ukuzama ukudonsela abantu bakaNkulunkulu beqele emililweni, noma, bangene emililweni yakhe.

11 Futhi siyazi ukuthi Ubani onamandla kakhulu, uNkulunkulu unawo. Futhi uNkulunkulu, ngenkathi Enika abantu baKhe Into enhle edlula zonke Ayengayenza ukulwisana noSathane ngayo, kwakuyiZwi laKhe. Manje, ngoba iZwi linguNkulunkulu, futhi ubani oqine kunoNkulunkulu na? Ngakho, iZwi linguNkulunkulu, neZwi liba ngukuqina kwethu. UNkulunkulu eBandleni, uba ngukuQina kwalo ukudonsela uSathane emililweni yakhe uqobo ayenzile. Nomdonsiswano uyaqhubeka. Manje, uJesu wathi, kuMarku 16, "NgeGama laMi bayakukhipha amademoni."

12 Manje, ngiyazi leso yisisho esidala ukuthi abantu... kunesisho esidala esi... Futhi asiside kangako, noma. Abantu abakholelwa emadimonini kulolusuku. Kodwa into yokuba yenziwe, ngowami umbono, ngukwazi isitha sakho. Futhi—futhi wazi isitha sakho, futhi uqeqeshele umbango ozoba nawo ngenkathi uhlangana naso, ngoba uzohlangana naso. Futhi usazi, wazi okwaso, wazi ukuthi kuyini ukuqina kwaso,

bese kuthi-ke uqeqeshele lombango ngenkathi uhlangana naso. Ngokuba yinto eyodwa eqinisekile, uzohlangana naso, futhi ngakho uqeqeshela umbango.

13 Manje, ukuqeqeshela umbango kufana nomshayisibhakela nje. Isitha sakhe—sakhe azohlangana naso phandle lapho embangweni, ukulwa, isilwi esikahle ngempela ngokwejwayelekile siyazi futhi siyayitadisha imbangi yaso. Sitadisha imingqimuzo yayo, siyazi lapho elwela khona, noma ngabe iyafola, iqethuke, ilwa ngesokudla noma ngesokunxele. Sitadisha konke lokhu. Bese kuthi-ke uma singesikahle, isilwi esikhaliphile, sizitholela esizongcwekisana naye ozolwa njengoba nje imbangi yaso ilwa, ngokuba sizoyazi yonke imingqimuzo yayo ngenkathi sifika kuleyondawo.

14 Futhi ngicabanga ukuthi leyo yinto enhle kakhulu kumaKristu ukuba ayenze. Kunjalo. Futhi manje uma ufuna ukuqala ukuziqeqesha, qala ngoJohane 3:16, uMthetho Wokwenza njengoba ufuna kwenziwe kuwe. Qala uphume ngqo nalokho, nalokho kuzokwenza wehlule. Bese kuthi-ke uqeqeshele i—izibhakela zomlalisa phansi, ngoba uzodingeka uzisebenzise. Wonke umuntu uyakwazi lokho. Uzofanele ukuqeqeshele ukushaya isitha sakho. Futhi njalo, uNkulunkulu usebenzisa iZwi laKhe. Sifanele sikhumbule ukuthi uNkulunkulu usebenzisa iZwi laKhe ukwehlula isitha saKhe. Uma uNkulunkulu akwazi ukucabanga noma akwazi ukunika abantu baKhe noma yini engcono ukwehlula isitha ngayo, Ubezokwenza. Ngakho njengoba bengihlale njalo ngithi, "Nxa uNkulunkulu enza isinqumo, leso ngesihle ukwedlula sonke esikhona. Akadingeki neze ukuba aguqule izinqumo zaKhe." Ngakho isinqumo sokuqala uNkulunkulu asinika abantu baKhe eNsimini yaseEdene, ukulwisana nesitha, kwakuyiZwi laKhe. Babeqiniswe ngeZwi laKhe.

15 Futhi manje isitha sizotadisha i. . . isu lethu neZwi. Futhi, manje, uSathane wakutadisha lokho konke kwaphuma kahle ngokuphelele kwaze kwathi, ngenkathi efika kuEva, wayene—nesu elihle ukwedlula onke ayengalisebenzisa phezu kwakhe, nalelo kwakungukuba azindle ngeZwi. Manje, awufuni neze ukuba uzindle ngeZwi likaNkulunkulu. Likholwe nje. Ungazami ukuLichaza. Ungazami ukuLifanisa. Manje, ungeke wamfanisa uNkulunkulu, ngakho uNkulunkulu uyiZwi, futhi nje Lenzelwe ukuba ulikholwe. Nalokho ngukuQina kwethu, nje vuma iZwi. Futhi noma ubani uyazi ukuthi imbewu ohlobweni olukahle lomhlabathi iyoveza inhlobo yayo. Futhi nje sithatha iZwi.

16 Futhi, manje, uEva uqala ukuma ukuba azindle, ngenkathi e. . . wamcaphunela iZwi, "uNkulunkulu uthe, 'Ningadli kuwo, ngokuba mhla nidla kuwo' kumhla sifayo."

17 NoSathane akazange aphikisane naye. Wathi, "Ngempela, kunjalo." Kodwa wathi, "Uyabo, udinga ukuKhanya okuthize

okusha." Into ethize ethe ukwehluka kancane kuleyo uNkulunkulu ayishilo. "Futhi uma uyenza, uzoba ngokhaliphile othe xaxa kancane nje. Amehlo akho azovuleka."

Kodwa wathi, "Awu, uNkulunkulu uthe siyofa."

18 Wathi, "O, ngempela . . ." Niyabo, wena ufika lapho-ke, okungako nje, "Ngempela awuyikufa." Kodwa uNkulunkulu wathi niyofa, nalokho kuyakuxazulula! Nalokho—lokho kwagqashula lowomncintiswano omkhulu ngendophi yokudonsisana-ke, futhi kwadonsela isizwe sabantu sonkana ekufeni, ngoba uEva walalela umzindlo ngokuphambene neZwi likaNkulunkulu. Manje, kungamahloni ukuthi wakwenza, kodwa sekwenziwe kwedlule. Kodwa manje sisalokhu siqinisiwe, naleso sihlanganisi senziwa kuKristu Jesu. Siyakwazi lokho. UNkulunkulu wasinika ukuvikelwa kwethu okuhle ukwedlula konke, ukuba kalula nje sithembe iZwi laKhe.

19 Niyazi, nabaningi bayasho namhlanje ukuthi ayikho into ethiwa nguDeveli. Bakholwa ukuthi kalula nje ngumcabango. Bakholwa yilokho. Futhi kunabantu abakholwa ukuthi—ukuthi—ukuthi uMoya oNgcwele ngumcabango omuhle, nokuthi uDeveli ngumcabango omubi. Kodwa uma niqaphela, nxa iBhayibheli likhuluma ngoMoya oNgcwele, Wathi, "Nxa Yena uMoya oNgcwele esefikile." No "Yena" uyisabizwana somuntu. Niyabo? Ngakho, Yena, UnguMuntu. NoDeveli ungumuntu. Namademoni angabantu. Yebo, angamademoni, futhi a—angena ngezindlela eziningi. Kodwa bacabanga ukuthi ngumqondo owenziwe ifeshini endala.

20 Indoda yayiphikisa kimi lapha amaviki ambalwa edlule. Yathi, "Uyazi ukuthi wenzani na? Ubeka nje lowomqondo wabantu ekubeni bacabange into ethize uma ubatshela leyonto. Kungukushintsha komcabango nje."

21 Ngahlangana nayo impela leyonto efanayo eNdiya ngesinye isikhathi, ngenkathi lawo indoda angcwele lapho esasinawo, ngikholwa ukuthi izethameli eziningi kunazo zonke engake ngakhuluma nazo, ezethamelini ezizodwa ezimiyo, zokuba ngabantu abayingxenye yesigidi, futhi ngakubamba ngokwehlukanisa kuMoya. Futhi babebona uMoya oNgcwele ubiza abantu, futhi ubabize, khona lapho ezethamelini eziningi, futhi usho izinto ezehlukene, futhi ubamba umcabango wabo. ORaja namadoda angcwele, bathi, "Ufunda umqondo wabo."

22 Ngakho imizuzwana embalwa, cishe abahlanu noma abayisithupha base bedlule emgqeni womkhuleko, nendoda eyimpumputhe iyeza iyedlula. Futhi yayiyimpumputhe ngci, namehlo ayo ayemhlophe njengeyembe lami nje. Ngase ngithi, "Manje nansi indoda eyimpumputhe, noma ubani angabona ukuthi iyimpumputhe." Ngase ngithi, "Ukuba bengingayisiza bengiyokwenzenjalo, kodwa indlela kuphela ebengingayenza ibizoba ngesiphiwo, ukuba mhlawumbe ngisho into ethize

eyenzile; nalokho bekunganikeza umcabango ukuthi uma uNkulunkulu azi ukuthi yenzeni, ngempela Ubezokwazi ukuthi izokwenzani." Ngakho ngathi, "Manje, ukuyibuka," ngathi, "manje, ingumkhonzi welanga. Isibe yimpumputhe iminyaka engamashumi amabili." Futhi, ngenkathi umhumushi ekusho, lokho kwakunjalo. Ngathi, "Iyindoda eganiwe. I . . . umkayo uthe ukuba mncane, futhi inamadodana amabili, eyodwa ithi ayibe nesikhombisa, eyodwa inesishiyagalolunye." Lokho kwakunjalo impela. Kwabizwa amagama awo, ukuthi lalingubani.

23 Kwase kuthi-ke laphaya ezethamelini, endaweni lapho abantu babekhona, nakho kungena lawomaza omsindo, "Kuphathelene nomqondo, kuyinto ethize ethi ayibe—ayibe ngephathelene nengqondo ukufunda umqondo wabo."

24 Ngase-ke ngicabanga, "Nkosi, uma nje Uzongisiza. Ngi—ngidinga usizo lwaKho, Nkosi. Lababantu bazama ukuthatha lokhu njengokufunda umcabango. Futhi akusikho, futhi Uyakwazi, Nkosi." Nokho, ngangibanika umBhalo ukuthi uJesu wathi Akenzanga lutho aze Akhonjiswe nguBaba. Kwase kuthi-ke, ngiphenduka ukuba ngibuke indoda futhi, ngayibona nje ngaphezu kwalapho embonweni, inokuhle nje kwamehlo njengoba nginawo. Ngacabanga, "Manje sekuyiso isikhathi."

25 Ngathi, "Lendoda ingumkhonzi welanga, manje, futhi isibe yimpumputhe." Ngase ngithi, "Manje, i . . . Nampo abapristi bakaMohamede, futhi nampo a—abapristi bamaShiite, amaJain, nezinhlobo ezehlukene zenkolo, uBuda. Manje lendoda ifuna ukuba ibone. Manje, beningathi ya—yakhonza okudaliweyo esikhundleni soMdali. Ngiyakukholwa lokho, nami. Kodwa nakhu sihlezi kulobubusuku." Ngathi, "Futhi kade si . . . namhlanje ngibungazwe ethempelini lamaJain lapho izinkolo eziyishumi nesikhombisa ezehlukene ibilapho ukuxoxisana nami, futhi zonke zimelene noKristu, zonke!" Ngase ngithi, "Manje, nabaningi benu ndoda ubusezansi lapho. Manje, uma uKristu enephutha kakhulu, khona-ke lendoda ifuna ukuba kahle, futhi qiniso uNkulunkulu wokudaliweyo Owenza izwe uzoba nguye Yedwa kuphela Ongayinika ukubona kwayo. Lokho kuyezwakala." Ngase ngithi, "Manje, uma noma yimuphi wenu bantu, okaMohamede lapha eyinkolo eholayo, uma umpristi kaMohamede ezoza lapha futhi ayinike ukubona kwayo, khona-ke ngizolandela okaMohamede, noma uma umpristi kaBuda ezoza ayinike ukubona kwayo. Kodwa akube nguNkulunkulu Owayenzayo, uNkulunkulu, uNkulunkulu womuny'umuntu ndawondawo, ngoba kuzofanele abe khona, singeke saba nokudaliweyo ngaphandle koMdali. Futhi kuzothatha uMdali ukudala ukubona kulamehlo. Kade iyimpumputhe iminyaka engamashumi amabili ngokubuka ilanga, icabanga ukuthi iyoya eZulwini uma ikwenzile. Indoda ngokungazi yenze lokho." Ngathi, "Yini nina bapristi bakaBuda ebeningayenza na? Benizoshintsha nje indlela yayo yokucabanga. Benizothi

inephutha." Bakhonza okhokho babo abangasekho. Ngase ngithi, "Manje, beningacabanga ukuthi yayinjalo, beningathi yayinephutha, kodwa beningenzani na? Benizoshintsha indlela yayo yokucabanga." Ngase ngithi, "Ubengenzani okaMohamede na? Ashintshe indlela yayo yokucabanga. AmaShiite, amaJain, nokunye nokunye, bashintshe indlela yabo yokucabanga."

26 Ngathi, "Sinento efanayo eUnited States. IMethodisti bonke bafuna ukwenza onke amaBaptisti abe ngamaMethodisti, nePentecostal ifuna ukuthatha onke amaMethodisti futhi iwenze amaPentecostal. Kungukushintsha komcabango. Kodwa lokho akusikho esikhuluma ngakho. Sikhuluma ngoNkulunkulu, uMdali." Ngase ngithi, "Ngempela uMdali ubezokhuluma." Futhi, manje, ngangingeke ngikusho lokho ukuba lowombono wawungabanga lapho, lutho nhlobo. Manje ngathi, "Manje, uma oYedwa, asiMdedele abe nguNkulunkulu, eze ayinike ukubona kwayo." Ngase ngithi, "Manje ngiphosela inselelo noma yimuphi umpristi noma uRaja, noma indoda engcwele kumbe noma yini okungaba yiyo, eze ayinike ukubona kwayo, futhi ngizolandela ukwazi kwenu kwezimfihlo zokudabuka kwezinto zonke ezikhona, nenze ophendukileyo." Naleso kwakuyisigejane sabantu abathule kunabo bonke engake ngabezwa. Niyabo? Akukho-muntu owakwenzayo.

27 Ngase ngithi, "Nithulele ini kangaka na?" Ngathi, "Isizathu nithule, yingoba ningeke nakwenza, nami ngingeke. Kodwa uNkulunkulu waseZulwini Owavusa iNdodana yaKhe uJesu Kristu, esiyizinceku zaKhe thina, usanda kungikhombisa umbono nje ukuthi indoda izothola ukubona." Niyabo? Ngathi, "Manje, uma lokho kungabi njalo, khona-ke ningayala ukuba ngiphume eNdiya. Kodwa uma kunjalo, nonke ngamunye wenu nikweleta impilo yenu kuJesu Kristu. Ngithanda ukunibuza, bangaki phakathi lapha enizonikela impilo yenu kuKristu uma lendoda eyimpumputhe ithola ukubona kwayo na? Niyababona abapristi benu, akukho-muntu owenyukela lapha. Abezi ngani, uma benitshele ukuthi inkolo yabo inkulu kakhulu futhi ibanzi kakhulu na? Akezi ngani umuntu-othile futhi asho into ethize na?" Akukho-muntu ozayo. Ngathi, "Manje-ke nina bantu khona lapho, uma nibona lendoda eyimpumputhe imi lapha . . . "

28 Futhi nakhu kwenyuka udokotela ukuba ahlole amehlo ayo. Wanikina ikhanda lakhe, wathi, "Iyimpumputhe."

29 Futhi ngakho ngathi, "Impela, iyimpumputhe." Kodwa ngathi, "Uma . . . Futhi uma uNkulunkulu eyinika ukubona, bangaki kini ozokhonza uJesu Kristu na?" Futhi kude ngangokubona kwami, izinqwabanqwaba zezandla ezimnyama. Ngaphendukela endodeni, ngase ngithi, "Nkosi Jesu, makwazeke ukuthi Wena unguNkulunkulu." Indoda yangidumela ngasentanyeni, futhi lapho kwakuhlezi imeya yaseBombay ihlezi lapho, yayidumela ngasentanyeni, ibona kahle nje njenganoma ubani owayengabona.

30 Kuyini na? Empeleni a—amandla! UNkulunkulu unguNkulunkulu, noSathane unguSathane! Uma ningakholelwa kuDeveli . . . Ngenkathi kuqala sengiqalile, ngi—ngigijima ngiphulukundlele kuye nsuku zonke. Ningangitsheli ukuthi akukho-Develi, ngoba ngazi kangcono. Ngidingeka ngilwe naye nsuku zonke. Ngakho ngiyazi ukhona—ukhona uDeveli. Futhi ufanele uqeqeshwe nxa uhlangana naye. Hhayi ukuthi uqeqeshwe esayenseni ephathelene nokusebenza kwengqondo, hhayi ukuthi uqeqeshwe emfundweni; kodwa uqeqeshwe nguMoya oNgcwele. Amandla kaNkulunkulu phakathi. IZwi laKhe ukuLenza libonakaliswe. Yazi isitha sakho. O, uyinto enonya kanjani pho!

31 Ngingathanda kanjani ukuma lapha manje futhi ngigcizelele kulokho, ngibuyele emuva ngeBhayibheli futhi nginikhombise indoda emuva lapho efika ibhekane ubuso nobuso naye. Ukuthi kukanjani embangweni ngokumelana nesitha, aziqinisa ngeZwi likaNkulunkulu. UNowa waba nesehlakalo sakho, futhi wayazi ukuthi uNkulunkulu wamtshela ukuthi lalizokuna. Nombango wawukhona phakathi kwesayense neZwi likaNkulunkulu: Isayense ithi, "Kungeke kwenzeka." UNkulunkulu wathi, "Kuzokwenzeka." Amen.

32 Leyonto efanayo ikhona namhlanje. Kuzokwenzeka! Kuyenzeka! Akhona amademoni! Kodwa uJesu wawakhipha, futhi Wanika iBandla laKhe igunya ukuba lenzenjalo, "Bakhiphe amademoni ngeGama laMi!" Wakhipha amademoni ayisikhombisa kowesifazane obukekayo ngoluny'usuku. Futhi Wathi, "Nxa umoya ongcolileyo esephumile kumuntu, uyahamba izindawo ezingenamanzi, esebuya-ke, eletha amanye amademoni ayisikhombisa kanye naye." Manje, lokho kuyakhombisa ukuthi uma umuntu wayehlanziwe emademonini, kwakukhona into ethize eyayikuye eyayiphumile. Idemoni laliphumile! Manje, nxa idemoni liphumile, ukuthi uNkulunkulu . . . kunikeza uNkulunkulu ithuba ukuba angene. Ngakho, futhi nxa liphuma, vumelani uMoya oNgcwele angene. Ningakushiyi nje lapho. Uma nje niphenduka ezonweni zenu bese niqhubeka, khona-ke nizoba babi kakhulu kunoma nake nanjalo. Kodwa tholani leyondawo lapho uSathane ake akha khona futhi wahlala, igcwaliseni ngoMoya oNgcwele kaNkulunkulu, futhi khona-ke nizoba nokuqina kweZwi likaNkulunkulu kini, libonakalisiwe, futhi nikhiphe amademoni. Umbango ukhona. IziNkanyiso zakusihlwa ziyakhanya. UMoya oNgcwele kaNkulunkulu ukhona.

33 Futhi manje kuthi nje akube—akube yimizuzu emithathu kuze kube yisikhathi izimpempe ezizoshaywa ngaso, futhi kuzoba phakathi nobusuku. Manje-ke njengoba sishiya lesisakhiwo, ukuba siye ezindaweni zethu ezehlukene namakhaya ethu, nokuthi sihlangane ngaphandle, nokuthi sihlangabezane nezwe, asingahambi njengoba senzile

ezikhathini ezingaphambili. Asihambe ngamandla okuvuka kwaKhe. Asihambe ngeGama likaJesu Kristu, nebhanela liphakanyiselwe phezulu, nanokukholwa eZwini laKhe, ukuba siphathe iNkemba esika-nhlangothi zombili, sifake nesihlangu nezikhali ezigcwele zikaNkulunkulu, ukuba sihlangabezane nesitha, ngoba siya ngokuqina nokuba namandla kakhulu nsuku zonke. Njengoba i—njengoba isitha singena njengozamcolo, uMoya kaNkulunkulu uvusa isimiso sokumelana naso. Uma sesifike ekupheleni kwalezizinto esi... nezimfihlakalo zikaNkulunkulu seziphelelisiwe nathi, sibheke okuningi ukuqina, ukuqina kohlwitho, ukuhlangabezana no... umfutho omubi kakhulu, oyohlwitha iBandla futhi ulingenise eNkazimulweni. Sifanele sibe nawo. Asihlangabezane no '63 nenselelo, njengokuthi, siyizinceku zikaNkulunkulu ophilayo! Futhi njengoShadiraki, uMeshaki noAbedi-nego basendulo, asizukubakhothamela odeveli balelizwe nokubuyisela emuva lento leyo esikhulume ngayo, kodwa asijonge empini.

34 Ngiyezwa kulobubusuku, njengoba silalele lezozimpempe, into ethize njengoba uDavide ayenza lobobusuku obushisayo obesabekayo ngenkathi elala phandle lapho phansi kwalezozihlahlana zamajikijolo, nesitha sasiphaphama. Kufanele ukuthi kwakuyihora elinjani nje kuDavide! Isikhathi esinje pho kuye elele lapho! Wayengazi ukuthi anyakaze kanjani, wayengazi ukuthi uzoya ngaphi, ngoba wayazi ukuthi wayedlulwa ngobuningi. Kodwa, khona manjalo, wezwa umsindo woMoya ovunguzayo uhamba ezihlokweni zezihlahlana. Wayazi ukuthi uNkulunkulu waqhubeka phambi kwakhe, futhi waya empini. Ngizwa into ethize enjengaleyo kulobubusuku, emva koMlayezo wayizolo ebusuku, ngilele ehoreni elimnyama kunawo onke esengake ngabhekana nalo empilweni yami. Ngizwa njengoIsaya ethempelini emva kokubona lezozingelozi, ngingumuntu ozindebe zakhe zingcolile, futhi ngihlala phakathi kwabantu abazindebe zingcolile. Kodwa lalelani, ngi—ngi...ngifanele ngihlangane nakho ngenye indlela, futhi, kwento kuphela, ngilindele ukuzwa lokho kuvunguza okudabula ezihlahlaneni zamajikijolo, ukuba ngihambe ngiyohlangabezana nesitha noma ngabe sikuphi. Nkulunkulu sisize ukuba sikwenze.

35 Futhi manje ngicabanga ukuthi umzuzu owodwa kushaye eleshumi nambili nqo. No '62 nakho konke okwedlule kwawo, asikuyeke kwedlule.

36 Asime ngezinyawo zethu manje, sonke ngamunye ngamunye wethu. Ingqikithi yendaba ikulowo nalowo wenu. UPawulu wathi, "Ngikhohlwa ngosekwedlule," konke okwamaphutha ethu angonyaka odlule, "Ngijonge emgomeni wokubizwa okukhulu." Onke amaphutha ami engiwenzile yonke leminyaka, ngithethelele ngawo. Nkulunkulu, ngithethelele. Bandla, ngitheth eleleni. Nenkonzo enge—ngehluleke nayo, ngiyezwa;

Nkulunkulu, ngithethelele ngayo. Bandla, ngithetheleleni ngamaphutha ami. Futhi ngizojonga emgomeni wokubizwa okukhulu kuKristu Jesu. Noma yini okuphethwe yikusasa, angikwazi, kodwa ngiyamazi Ophethe u 1963.

37 Asiphakamisele izandla zethu kuNkulunkulu manje futhi asikhuleke ngendlela engeyethu, njengoba senza izivumo zethu, futhi sicele uNkulunkulu asisize wonke lonyaka olandelayo ozayo.

38 Baba waseZulwini, njengoba sima lapha, njengoba imicabango eminingi iphela ezinhliziyweni zethu, nangamaphutha onyaka odlule, futhi njengoba sisondela ekufeni kuka ’62 nokuzalwa kuka ’63, O Nkulunkulu, kwangathi singaba yisinyathelo esisodwa esenyukela phezulu ngokuthe xaxa eladini, size sikwazi ukubona uJesu nohlelo lwaKhe. Kwangathi wonke umuntu lapha, Nkosi, emkhulekweni, lapho unyaka omdala usafa, nokuzalwa okusha konyaka omusha kusangena, kwangathi isono somuntu omdala nokungakholwa kungaphela enhliziyweni yethu, nokuZalwa okusha kungene no 1963, njengokuvunguza, koMoya onamandla ukuze kugcwalise ubuthina futhi kusenze izidalwa ezintsha kuKristu.

39 Senze izinceku ezifanele. Thethelela isikhathi sethu esedlulile. Busisa inkathi yethu ezayo. Sihole ngokusiqondisa, O Nkosi Nkulunkulu, ngesandla saKho esinamandla, Jehova. Busisa lababefundisi lapha. Busisa lonke uquqaba, zonke izivakashi. Wena Yiba nathi, Nkosi. Siyizinceku zaKho futhi sizinikela ngakho konke kuWe ngokuka 1963, ukuze amandla oMoya waKho abe ngawokuqala kakhulu ezintweni zonke empilweni yethu nakubuthina. Sisize, Nkulunkulu. Sithethelele futhi usisize, siyakhuleka. Vusa amadoda anamandla! Vusa amabutho anamandla okuKholwa! Vula lonyaka, Nkosi, leyoMana efihliwe, leloDwala phansi kwedwala, ukuze sibone uhlelo lukaNkulunkulu. Qekebula izivivane zempilo yethu, Nkosi; beka itshe eliVala phezulu, uKristu Jesu, phezu kwalowo nalowo wethu sonke. Kwangathi ubukhosi baKhe obukhulu, izibusiso ezingcwele zibe phezu kwethu sonke. Kwangathi umlilo kaMoya oNgcwele ungafika phezu kwethu. Kwangathi amandla okuvuka angabonakaliswa. Nkulunkulu, siKubonga kakhulu, kulobubusuku. SingabaKho. Sizinikela ngokugcwele kuWe, Nkosi.

40 Njengoba ngiya ngaleya, ngingazi ukuthi kuphi noma kanjani, noma ukuthi ngizokwenzani, ngithemba Wena, Nkulunkulu uSomandla, ukuthi Uzongihola ngokungiqondisa, inceku yaKho engenanzuzo, ukuze ngisetshenziselwe udumo nenkazimulo kaSomandla. Siphe khona, Baba.

41 Yemukela imikhuleko yethu. Busisa imizamo yethu. Philisa abagulayo nabahluphekile, ngakho kokubili ngokomoya nangokomzimba. Futhi senze izinceku zaKho. Silubumba,

Wena unguMbumbi. Sibumbe, ngamunye, ngendlela yaKho uQobo, ukuze sifanelane ndawonye noKristu Jesu, njengelunga lomzimba waKhe. Ngokuba sikucela eGameni likaJesu, nangenxa yaKhe nangenxa yeVangeli. Amen futhi amen.

42 [Umfowethu ukhuluma ngolunye ulimi. Omunye umfowethu unikeza incazo—Umhl.] NgiyaKubonga, Baba, Nkulunkulu. SiyaKubonga ngalentshumayelo yokuyala yoNyaka Omusha esithumela phandle namathemba nanenduduzo yokwazi ukuthi ngokukhulunywa kwalamazwi kulamadoda abengazi, ukuthi uMlayezo uqinisile, futhi Usicela ukuba sime ngaWo. Sizokwenza konke esikwaziyo ukuthi kanjani, Nkosi, ukuba sime ngakuWe neZwi laKho.

43 Semukele eGameni laLowo Owasifundisa sonke ukuthi sifanele sikhuleke kanje, [UMfowethu Branham nebandla bakhuleka kanyekanye—Umhl.]: "Baba wethu OseZulwini, malingcweliswe iGama laKho. Mawufike uMbuso waKho. Mayenziwe intando yaKho emhlabeni, njengaseZulwini. Usiphe namuhla isinkwa sethu semihla ngemihla. Usithethelele amacala ethu, njengalokhu nathi sibathethelela abanecala kithi. Ungasingenisi ekulingweni, kodwa usikhulule kokubi; ngokuba uMbuso ungowaKho, namandla, nenkazimulo, kuze kube-phakade. Amen."

44 INkosi inibusise futhi inigcine. Kodwa labo manje abafanele baye emakhaya abo . . . Manje sekuyimizuzu emihlanu lishayile, yimizuzu emihlanu ngo '63. Manje kwangathi uNkulunkulu anganibusisa. Futhi—futhi nina enifuna ukuhlalela isidlo, nemukelekile nje ukuba nihlale, sizojabula ukuba nani. Akusiso isidlo esiyinguyazana, esalo lonke ikholwa elisenhlanganyelweni noKristu. Nemukelekile ukuba nihlale futhi nithathe isidlo nathi. Nesizathu sokuba senze lokhu yingoba lena yinto yokuqala, siqala uhambo. NoIsrayeli, ngaphambi kokuba baqale uhambo lwabo, babulala iwundlu futhi badla imifino ebabayo, futhi baqala uhambo lwabo. Futhi ngicabangile, "Kufanelana kahle kanjani lokhu kulobubusuku!" IWundlu libulewe, Lilungisiwe, umkhosi, futhi kuphakathi nobusuku. Yingaleyonkathi abalidla ngayo, niyazi, phakathi nobusuku. Ngakho masenze. Nina enifuna ukuhlala nathi futhi nilungele uhambo oluzayo, olusihlalele, sizojabula ukuba nani. UNkulunkulu anibusise.

45 Nani enizofanele nihambe manje, ningaya emakhaya enu, noNkulunkulu abe nani ngize nginibone futhi. Amen. Nonke abanye benu ningahlala phansi sizobe-ke sesiqala isidlo. Udade uzo . . . Kulungile, mnumzane.

> Size sibonane! size sibonane!
> Size sibonane ezinyaweni zikaJesu; (size sibonane)

Size sibonane! size sibonane!
UNkulunkulu abe nani size sibonane futhi!

46 Asilicule futhi sisalindile, niyazi, kulabo abaphumayo. Ningathola ukuthi nithule, futhi-ke lena yinto enesizotha kakhulu. Ngizofunda into ethize emBhalweni lapha emzuzwaneni nje enhle kakhulu, kakhulu, kakhulu. Futhi manje asilicule futhi.

Size sibonane! Size . . .

Asixhawulane nje nomunye umuntu. Uma kukhona noma yini oyonile empilweni yakho, lowomuntu ulapha omonile, yana kubo manje futhi ukulungise.

Size sibonane! siyoze sibonane!
UNkulunkulu . . .

Umshayi wopiyano angeza opiyaneni, ngiyacela?

. . . benani size sibonane futhi!
Size si . . .

47 [UMfowethu Neville uthi, "UNkulunkulu akubusise, Mfowethu Branham."—Umhl.] Nginikela konke lokhu ezandleni zakho, Mfowethu Neville. ["INkosi ikubusise. Ngiyakholwa . . . ? . . . "] . . . ? . . .

Siyoze sibonane!
UNkulunkulu abe nani size sibonane futhi!

UNkulunkulu akubusise, mfowethu.

Uyakunakekela,
Uyakunakekela;
Libalele noma limathunzi,
Uyakunakekela.

Asilicule futhi.

Uyakunakekela,
Uyakunakekela;
Libalele noma limathunzi,
Uyakunakekela.

48 Lokho kuhle na? Asilicule futhi besathula.

U . . . (valani amehlo enu nje) . . . kela,
Uyakunakekela;
Libalele noma limathunzi,
Uyakunakekela.

49 Baba waseZulwini, sijabula kakhulu ukuthi sithole lokho kuqinisile, emahoreni ethu amnyama kunawo onke noma libalele, Akayekani neze akashiyani. Sijabula kakhulu ngalokho esinakho, amathemba ethu akhelwe phezu kwalutho olungaphansi kuneGazi likaJesu linokulunga. Siyethemba, Nkosi, hhayi odumweni lwalelizwe. Siyethemba! Asilokothi sithembele ohlakeni olumnandi kunalo lonke, kodwa ngakho konke sincike eGameni likaJesu. SiKubonga kakhulu, Baba.

50 Manje sesizothi nje sihlanganyele kwenye ye—enye yezinto ezimbalwa kakhulu zemvelo Owasishiyela zona. Enye yazo kwaba ngumbhaphathizo, enye kwaba yisidlo, nelandelayo kwaba ngukugezana izinyawo. O Nkulunkulu, singena nje ngesizotha, sazi ukuthi leliWundlu liyiWundlu lephasika. U—uhambo olukhulu lwasehlane lusabahlalele nje abantwana. Igazi lifanele kuqala libekwe kwilentil lomnyango, ngaphambi kokuba iwundlu lephasika lithathwe.

51 Nkulunkulu, hlola izinhliziyo zethu manje. Ngabe iGazi lilapho, Nkosi na? Uma lingekho, sikhulekela ukuthi—ukuthi Uzoligcoba njengamanje, ususa izono zethu futhi uzisibekela, futhi zizosuswa kithi, Nkosi, izono zalelizwe, ukuze sibe ngcwele futhi sibe nokwethulwa kuBaba wethu manje njengoba siza ukuba sithathe u—umzimba neGazi elichithekile leWundlu lethu, iNdodana kaNkulunkulu, uMsindisi wethu. Hlola izinhliziyo zethu njengoba sifunda, Baba, bese kuthi-ke usenze sibe ngabaKho uQobo. Ngokuba sikucela eGameni leWundlu, uJesu Kristu. Amen.

52 ENcwadini ya—yabaseKorinte, isahluko 11, ngifisa ukufunda amavesi ambalwa, ngiqale ngevesi 23 ngifunda lokhu. NguPawulu ekhuluma ebandleni laseKorinte.

> *Ngokuba mina ngakwamukela eNkosini lokho nenganinika khona, Ukuthi iNkosi uJesu ngalobobusuku akhashelwa ngabo wathabatha isinkwa:*
>
> *Wabonga, wasihlephula, wathi, Thabathani,* futhi *nidle: lokhu kungumzimba wami, ohleshulelwe nina: lokhu kwenzeni ukuba ningikhumbule.*
>
> *Kanjalo wathabatha nesitsha,* futhi *emva kokudla kwakusihlwa,* wathabatha nesitsha, kodwa emva kokudla kwakusihlwa . . .

Ngiyaxolisa. Angiphinde ngikufunde.

> *Kanjalo wathabatha nesitsha,* futhi *emva kokudla kwakusihlwa, wathi, Lesisitsha siyisivumelwano esisha egazini lami: lokhu kwenzeni* ukuba nikhumbule, *ngezikhathi zonke enisiphuza ngaso* lesi, *ukuba ningikhumbule.*
>
> *Ngokuba ngezikhathi zonke nxa nidla lesisinkwa, niphuza lesisitsha, nimemezela* ngaphambili *ukufa kweNkosi ize ifike.*
>
> *Ngakho-ke lowo ozakudla lesisinkwa, aphuze lesisitsha seNkosi, ngokungafanele, uzakuba necala lomzimba negazi leNkosi.*
>
> *Ngakho umuntu akazihlolisise, khona-ke akadle* i*sinkwa, aphuze* i*sitsha.*

*Ngokuba odlayo aphuze ngokungafanele, uzidlela aziphuzele icala, uma engawehlukanisi umzimba weNkosi.*

*Ngenxa yalokhu baningi phakathi kwenu* abagulayo *na*banobuthakathaka,. . . *baningana balele.*

*Kepha uma besingazahlulela thina, besingayikwahlulelwa.*

*Kepha nxa sahlulelwa, siyalaywa yiNkosi, ukuze singalahlwa kanye nezwe.*

*Ngakho-ke, bazalwane bami, nxa nibuthana ukuba nidle, anolinda* omunye.

*Uma omunye elambile, akadle ekhaya; ukuba ningabuthaneli ukulahlwa. Kepha okuseleyo ngokulungisa mhla ngifikayo.*

53 Njengoba ngicabanga ngalokhu, isikhathi esinesizotha kunazo zonke! Kulotshiwe futhi ukuthi ngenkathi lesisidlo sasiqala ukunikezelwa, nokugezana izinyawo. . .esizodingeka sikweqe kulobubusuku, ngoba asinamanzi. Amanzi onke anqanyuliwe, futhi besingenazo ngisho nezimfanelo zezindlu zangasese kulobubusuku, ngoba badingeke nje ukuba bakubhanqe ndawonye ngakho konke abebengakwenza, benzela thina ukuba sibe nalenkonzo kulobubusuku. Kodwa sizokwenza njengoba benzile, kwashiwo, ngikholwa ukuthi uLuka wakubalula, ukuthi "Bahlabelela igama base bephuma." Kodwa niyazi yini ukuthi lokhu kumeleni na? Niyazi yini, ekuqaleni, ngenkathi lesisiyalo sasiqala ukwenziwa kwaIsrayeli, ezansi eGibhithe, babesemgwaqeni wabo beya ezweni elithenjisiwe. Futhi yilokho esizizwa sinjengakho kulobubusuku, ukuthi sisemgwaqeni oya eZweni eliThenjisiwe. Nohambo lusihlalele.

54 Futhi babenophawu, ukuthi nxa ingelosi yokufa idlulile, ukuthi kufanele kube negazi phezu komnyango, kungenjalo indodana endala kungenjalo umntwana omdala wayefa ekhaya. Umcabango wawungukuthi, nencazo yangempela yayingukuthi, kuqala ukubheca igazi. Niqaphelile ukuthi uPawulu wakubeka kanjani lapha na? "Uma noma ubani edla ngokungafanele, udla futhi uziphuzela ukulahlwa, engawehlukanisi umzimba weNkosi," okuchaza into efanayo, ukuthi ukufa, ukufa kokomoya, kuphumule phezu komuntu oyohlanganyela esidlweni sakusihlwa seNkosi ngokungafanele. Lokho bekungaba ngukuthi, ephandle ephuza futhi eqhubeka, futhi ephila njengezwe, futhi eze etafuleni leNkosi. Besingafanele senze lokho. Manje asihlanze izinhliziyo zethu futhi sihlanze izandla zethu e. . .nezingqondo zethu ekucabangeni okubi, ukuze sikwazi ukuza etafuleni leNkosi, ngenhlonipho yokuzithoba nokungcwele, njengoba sazi ukuthi sizixhumanisa thina uqobo noMlatshelo wethu, uKristu Jesu, Onguyena kuphela insindiso yethu.

55 Futhi manje, kulobubusuku, indlela esenza ngayo lokhu, ngomunye wamalunga amadala uma lapha, uMfowethu Zabel. Futhi ngiyacabanga, Mfowethu Zabel, kulobubusuku, uma ubungabiza besukela emsamo kuqala, ukuze lababantu bengeza besuka emsamo bese uwenza umugqa wakho wokuqala lapha, uma uthanda. Manje, uMfowethu Zabel uzoniqondisa, yimizuzwana embalwa, masinya nje sesenza isibusiso phezu kwesidlo.

56 Lesisinkwa ikosha, senziwa amaKristu. Siyisinkwa esingenamvubelo. Futhi uma uzosiqaphela, lapho usibeka emlonyeni wakho, simahhadlahhadla ngempela, ukuba sibabe. Sishwabene futhi sihleshuliwe, sixutshanisiwe, lokho kuchaza ohleshuliwe, umzimba onqunywe wanqunywa weNkosi yethu uJesu. O, nxa ngisho ngicabanga ngakho, inhliziyo yami ithi ayigxumagxume ishaya! Nxa ngicabanga ukuthi Yaxutshaniswa futhi yachotshozwa futhi yashaywa, iNdodana kaNkulunkulu engenacala! Niyazi ukuthi Yakwenzelani lokho na? Ngoba nganginecala. Futhi Iba yimi, isoni, ukuze mina ngoMhlatshelo waYo ngibe ngofaniswa naYo, indodana kaNkulunkulu. UMhlatshelo onje pho!

Asikhothamise amakhanda ethu.

57 Nkulunkulu oNgcwele kakhulu kunakho konke, njengoba ngiphethe phakathi loluqwembe oluncane lwensimbi kulobubusuku, lesisinkwa esimele ohleshuliwe, oxutshanisiwe, ochotshoziwe, oshayiwe umzimba weNkosi yethu, lapho lowomprofethi amemeza khona, "Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, yachotshozwa ngobubi bethu, isijeziso sokuthula kwethu sasiphezu kwaYo, nangemivimbo yaYo siphilisiwe thina." O, sikukhumbula kanjani lokho, Nkosi! Njengoba ngizibophela mina uqobo kulowoMhlatshelo kulobubusuku, nalezizethameli ngokunjalo, Nkosi, eMhlatshelweni, kwangathi singayikhumbula iNkosi yethu, ukufa kwaYo nokushaywa kwaYo ngesiswebhu, nakho konke lokho Eyedlula kukho ngenxa yethu, njengoba sithatha lesisinkwa sisifaka emilonyeni yethu. Nkulunkulu, singabantu abangafanele. Asiyilungele into engcwele kangaka, ngakho vumela ubungcwele baKho, Nkosi, uBukhona baKho neGazi laKho, kuhlanze izinhliziyo zethu. Futhi njengoba sisemukela, kwangathi singazimisela ezingqondweni zethu ukuba siYikhonze njalonjalo imini nobusuku, zonke izinsuku zokuphila kwethu. Manje ngcwelisa lesisinkwa ngesihloselwe ukusetshenziselwa khona. Sicela eGameni likaJesu. Amen.

58 Futhi ngiphethe lokhu ngezandla zami, njengamashumi amathathu-. . .cishe iminyaka engamashumi mathathu-nantathu yenkonzo engikhonze ngayo iNkosi yami, futhi nginamahloni ngami uqobo. Kodwa ngiyacabanga, bengiyokwenzenjani ukuba benginamaconsi amabili angempela eGazi laYo ngiliphethe ngesandla sami kulobubusuku na?

Bengiyokwenzenjani ngalo na? Kodwa, niyazi, ngibe nalo ezandleni zami kulobubusuku, ebusweni baYo, okukhulu kunokunye, ngukuthenga kweGazi laYo, iBandla laYo. Ngakho nxa ngiphethe lokhu, nojusi walamagrepsi, ngicabanga ngalokho. Wathi, "Angisayikukuphuza okwesithelo somvini ngize Ngisiphuze nginani sisisha eMbusweni kaBaba waMi." Manje-ke qaphelani ukuthi emva kokuba impi yesono isiphelile, into yokuqala esiyenzayo uma sesitheleka ngapesheya ngukuthatha isidlo, isidlo sakusihlwa seNkosi.

59 Futhi asikhothamise amakhanda ethu manje sisabusisa leliwayini. Baba wethu waseZulwini, uma ngicabanga, njengoba ngiphethe leliwayini lapha elimele iGazi likaJesu, ukuthi kwaba kanjani ukuthi ngaleloGazi eligobhozayo izono zami azisekho. Zifakwe oLwandle lokuKhohlwa, nokuthi zingabe zisakhunjulwa. NangaleliGazi, umfana ofayo ngoluny'usuku walala ngaleya esibhedlela, futhi Wena wangisindisa. O Nkulunkulu, ngiKubonga kanjani, Nkosi. Futhi manje-ke nginike umfutho, ngoMoya oNgcwele, ukuba ngiholele abantu eKalvari futhi ngibakhombise indlela eya eKhaya. NgiyaKubonga, Baba. Futhi manje ngcwelisa leliwayini ngelihloselwe ukusetshenziselwa khona. Futhi kwangathi wonke umuntu ohlanganyela kulelisakramente, kulobubusuku, angemukela ukuqina ngokomoya nangokomzimba kohambo olusihlalele. Ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

[Ibandla linikwa isidlo. Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

60 Ukuma lapha futhi ngibhekisise imindeni ingena, futhi yileyondlela okuyoba ngayo ngolunye lwalezizinsuku, umndeni ngomndeni, isikhundla ngesikhundla, iqembu ngeqembu, ngamunye ngamunye. Nxa sihlangana naYe, isikhathi esinje pho esiyoba yiso, lapho yonke impilo yomuntu ebiphezu komhlaba, eMkholiwe futhi yaMethemba, iyohlangana lapho ngaloloSuku. Akuyikumangalisa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

61 Sizodingeka sikweqe ukugezana izinyawo kulobubusuku ngenxa yamanzi. Asinazo izimfanelo ezenele khona manje, futhi zizolungiswa khona masinya, siyethemba. Beza kahle, futhi basebenza ngokushesha etabernakeleni elisha. Ngandlela thize ngicabanga ukuthi lokhu kufaneleka ngempela ukuba nesidlo ekuqaleni konyaka njengalesi, lesisikhathi sosuku.

62 Manje, nina eningabangaphandle kwedolobha, nishayele ngokucophelela ngempela kusasa njengoba niya ekhaya. Kwangathi uNkulunkulu angaba nani. Nani lapha bekhaya lendabuko, nivala, uNkulunkulu abe nani futhi anisize. Futhi manje, iNkosi ithanda, futhi ngizofanele ngihambe ngenzele lomhlangano olandelayo ozobakhona eArizona, bese kuthi-ke uma uNkulunkulu ethanda, ngizobuya nani futhi ngenzele *iZimpawu eziyisiKhombisa*, futhi njengoba nje ngithembisile. Ngiyifisa ngempela imikhuleko yenu. Nginidinga

kabi ngempela, ngakho ningakhohlwa ukungikhulekela. Futhi kwangathi yonk'into inganihambela kahle. Futhi ngikuthokozela ngempela ukwethamela kwenu nokuthi nakulalele kanjani engikushilo eVangelini. Ngikholwa ukuthi senza uguquko manje, nami ngiyalwenza. Ngiyanibonga ngomusa wenu.

63 Nabaningi benu nishayela amamayela ngamamayela ukuba nize nizokuzwa umuntu olula njengami qobo ngizama ukuletha iZwi likaNkulunkulu. Ngiqinisekile ukuthi bekuyinto ethize edlula ukuthi nize nizolalela ngaphandle kwami, ngoba anginalutho ebengingalwethula. Angifundile, anginasithunzi, akukho lutho ngami. Ngakho-ke nxa ngibona abantu beshayela amakhulu ngamakhulu amamayela, futhi bame futhi balinde lapha, ngelesibili nqo ekuseni, bekungelutho ebenginalo. NguKristu. Ngijabula kakhulu niyaMthanda. Futhi ngiyaMthanda, nami. Futhi sindawonye siyaMthanda. Futhi ngoba siyaMthanda, asizukudingeka neze ukuba sehlukane. Singahle sehlukane kancinyane lapha kuqhubeke, ngokuhamba kwesikhathi, kodwa siyoba ndawonye futhi. Bekungukulangazelela kwami ukuzama nje ukuholela abantu kuleyondawo.

64 Futhi manje ukuqala unyaka omusha, ngifuna ukuthi, hhayi u "Nyaka oMusha oJabulisayo" kini, ngifuna ukusho lokhu kini, "uNkulunkulu anibusise." Futhi uma Enza lokho, yilokho kuphela enizokudinga okonyaka ozayo. Futhi ngithemba ukuthi Uzokwenza.

65 Futhi nginjalo, ngomusa waKhe, sizokuzama lokhu ngalonyaka ozayo, Uzongiphephisa, aniphephise, ngomusa waKhe ngithemba ukuthi ngingumelusi ongcono ngonyaka ozayo kunoma benginguye kulonyaka, ngithemba ukuthi ngibe yinceku engcono kuKristu. Ngizozama kanzima ukuzama ukuphila ngokusondela kakhulu, ngibe neqiniso kakhulu, ukuletha uMlayezo njengoba nje Enginikeza, ngizoWuletha kini ngokuhle ukwedlula konke engingakwenza, ngingagodli lutho Angangifuna ngininike lona. Ngizokwenza konke engaziyo ukuthi kanjani. Futhi ngiyazi nizwa ngendlela efanayo. Nina, nizwa sengathi sonke sifuna ukusebenza ndawonye manje, ngokuba izibani zakusihlwa zifiphala ngempela, nelanga selishone impela. Umhlaba uyaphola, siyakwazi lokho, ngokukhuluma ngokomoya, ibandla liyaphola nemvuselelo isiphelile. Asazi ukuthi yini elandelayo, kodwa sizokwethemba uNkulunkulu ngalokho, noma ngabe kuyini. Futhi manje njengoba ngezinye izikhathi si . . .

66 Ngifuna nikhumbule ukuthi itabernakele lapha linomunye wabelusi abahle kakhulu kunabo bonke okhona ezweni, uMfowethu Orman Neville, indoda emesabayo uNkulunkulu, indoda elungileyo. Futhi nxa ngingekho, uMfowethu Neville uphethe ngokugcwele, njengoba nje bengingabe ngikhona.

Abaphatheli, abadikoni, nokunye nokunye, ngukuba bahlale ezikhundleni zabo njengoba nje benza. Naleli yikomkhulu lethu. Leli yilapho esi—esi—esibekwe khona, khona lapha. UBilly Paul akuzukuba nami phandle lapho, kuphela nje okomhlangano, uzobuyela lapha. Ibhizinisi nakho konke kusebenza kahle lapha ngokufanayo nje. Ukuphumela lapho nje, lokho akuchazi khona ukuthi ngiyanishiya. Ngiyahamba nje, niyaqonda, ngumbono nje. Angazi ukuthi kuchazani. Ngithemba futhi ngikholwa ukuthi kuzoba ngokobungcono beBandla lonkana. Futhi ngiyazi kuzoba ngcono kithi sonke uma silandela ukuhola okuningi kweNkosi. Yilokho kuphela esaziyo ukuthi kwenziwa kanjani. Akulula kimi. Ngiyakhumbula kanye ngaphambili ngadingeka ngisuke kulelibandla lapha. Abanye bezingwazi ezindala bayakukhumbula lokho, ukuthi kwaba kanjani ukuthi angikwazanga nje ukukwenza! Ngiyabathanda abantu.

67 Ngenkathi ngisengumfana omncane ngangingathandwa, akukho-muntu owayenginakekela ngenkathi ngisengumfanyana, futhi mina, ngenkathi ngithola ukuthi omunye othile wayengithanda, nga—ngacabanga, "ngifuna ukubafela." Futhi manje, ngoba umuntu othile uyakuthanda, umuntu othile uyanakekela. Ngangigibela ngesinye isikhathi esigxotsheni nehhuku lami lanyomuka esigxotsheni esidala somsedari, nefindo laliphezulu liphakeme, futhi ngalishaya ngesipolo sami ngase ngijika, ngawa cishe amafidi ayishumi nanhlanu futhi ngabambeka engalweni yami. Inenekazi ladazuluka, futhi lathi ukuzimbambatha qobo lwalo ka*njalo*. Ngangilithanda njalo lelonenekazi, lanakekela. Lalingumuntu othile owayenakekela. Futhi ngangicabanga njalo, "noma ubani owayenginakekela, ngiyabathanda."

68 Futhi lapha kungekudala ngangisezansi nedolobha, ngangicabanga ngezinsuku ezazivame ukuba khona, nalokho uNkulunkulu angenzele khona, futhi ngithokozela ngempela. Futhi ngiyanibonga ngothando lwenu nenhlanganyelo. Futhi bengingeke neze ngizame ukunihola ngokungesikho. Kuyoba njalo ngendlela eyiyo, ngokwazi kwami okwedlula konke. Futhi niyangiqopha, angizange ngisho noma yini ngami uqobo, bekuhlala njalo kunguJesu Kristu. Niyabo? Niyabo? Ngazama ukuhlala nje ngisondele impela eZwini laKhe njengoba ngangazi ukuthi kuhlalwa kanjani, ukunihola nokuniqondisa kulendawo.

69 Futhi ngininikela manje ezandleni zikaMfowethu Neville, kuqala ezandleni zikaNkulunkulu, bese kuba-ke sekunakekeleni kwesandla sikaMfowethu Neville, ukuba eluse ibandla nokuba abheke ifa ngize ngikwazi ukuba nalomhlangano futhi ngibuyele kini futhi. Ngithemba ukuthi ngalesosikhathi nginganilethela isambulo esikhulu esivela kuNkulunkulu, esizoxhuxhumisa yonke inhliziyo futhi sikhazimulise iBandla likaNkulunkulu.

70 Ngokwejwayelekile sithatha isidlo. Angifuni ukuba ngibe ngisasho okunye futhi, niyazi ukuthi ngizizwa kanjani. Futhi ngicabanga ukuthi iculo ebesifanele silicule khona manje, *UKholo Lwami Lubuka Phezulu KuWe, Wena Wundlu laseKalvari*. Futhi ngenkathi sisami futhi silicula, asixhawulane nomunye nomunye, futhi sithi "uNkulunkulu akubusise."

Ukholo lwami lubuka phezulu kuWe,

71 Busiswa, mfowethu. UNkulunkulu akubisise, dade. "Msi-. . ." UNkulunku akubusise, mfowethu. ". . .-lu. Manje . . ." [UMfowethu Branham uyaqhubeka ukuba axhawule ngenkathi ibandla lisacula—Umhl.]

WaKho ngokuphelele!

Manje asiphakamisele izandla zethu kuYe.

Ukholo lwami lubuka phezulu kuWe,
Wena Wundlu laseKalvari,
Msindisi oMkhulu;
Manje ngizwe ngisakhuleka,
Susa lonke icala lami,
O makuthi mina kusukela namuhla
Ngibe ngowaKho ngokuphelele!

72 "Size sibonane!" Asicule elithi *Size SiBonane Futhi*. Wonk'umuntu manje joyinani.

Size sibonane! size sibonane!
Size sibonane ezinyaweni zikaJesu;
Size sibonane!

[Umfowethu Branham ngokuthula ukhuluma nomunye—Umhl.]

Ibe nani size sibonane futhi!

Size sibonane! size sibonane!
Size sibonane ezinyaweni zikaJesu; (size sibonane)
Size sibonane! size sibonane!
UNkulunkulu abe nani size sibonane futhi!

Asikhothamise amakhanda ethu manje.

73 Mfowethu Neville, ngani, ungesikhiphe ngomkhuleko. UNkulunkulu akubusise.

*UMbango* ZUL62-1231

(The Contest)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngoMsombuluko kusihlwa ngo Disemba 31, ngo 1962, eTabernakele likaBranham eJeffersonville, eIndiana, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2014 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

